1. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho EPHELELE.

**Isitifiketi Sebanga Le-9**

Igama lami uVusumuzi Ngcobo wakwaMhlabuyalingana. Kungijabulise kakhulu ukuzwa ukuthi umfundi webanga lesishiyagalolunye usezothola isitifiketi sakhe uma eqeda ibanga lesi-9 bese eyasiyeka isikole uma ethanda. Ngibona sengathi isikole kasidalelwe wonke umuntu. Ukufika ebangeni leshumi nambili noma ukuqeda iziqu enyuvesi kungumqansa kwabanye abafundi ngenxa yezizathu ezahlukene.

Ekhaya ngihlala nabafowethu ababili uSizwe noSamkelo. Bancane kunami. Bathembele kimi ukuba ngibasize. Sengike ngaba nenhlanhla yokuthola amatoho lapho ngisebenzisa ikhono lami lokudansa sakwazi ukulala sidlile ekhaya. Abazali bami bashone eminyakeni emithathu eyedlule.


Kungumqondo omuhle ukuba abafundi abanamakhono basiyeke isikole uma beqeda ibanga lesishiyagalolunye bese beyothuthukisa amakhono abo. Ngibona ukuthi uma uNkulunkulu ekuphe ikhono lokudansa ukuqhubeka nesikole kungukuchitha isikhathi ngoba ekudanseni udinga ukuziqeqesha ngokuphindaphinda umdanso wakho. Izifundo ezinzima njengezibalo isayensi nezinye kazikufundisi ukudansa. Nami ngivumelana nohulumeni ukuthi isikole ngisiyeke ekupheleni konyaka ngiye noma iseFET college


.

Ikolishi eliseduze name yileli lwakwaBotha's Hill. Uma bengangithathi zikhona zikole ezifundisa ukudansa eThekwini. Ngiyazi abanye bazothi ngiyokwenzenjani uma ngingaphumeleli ekubeni umdansi. Iqiniso lingukuthi nalabo abaqhubeka nesikole baze abafike ebangeni leshumi nambili akuqinisekisiwe (not guaranteed) ukuthi bazophasa noma bazongena emanyuvesi bafunde babe neziqu bathole umsebenzi.

Kungani kufanele ngizixake nokuqhubeka nesikole. Baningi osaziwayo engibaziyo abangasiqedanga isikole kodwa baphumelela empilweni. Ukubala abambalwa uCassper Nyovest washiya isikole eneminyaka eyi-16 ngo 2006 namhlanje usendimeni yomculo. UMinnie Dlamini owayefunda enyuvesi yaseKapa wayeka iziqu zakhe waba ngumsakazi kamabonakude. Manje ushade nosaziwayo uMnu. Jones. UBonang Matheba owayefundela iziqu zokukhangisa enyuvesi yaseGoli kodwa manje usengusaziwayo ophambili. Bakhona nabadlali abaphumelela ngaphandle kokuqeda isikole. Mhlawumbe nami ngingomunye oyophumeleliswa ikhono lakhe. Ngonyaka owedlule abafundi bebanga leshumi nambili basihlukumeza sisafika esikoleni ngokusesabisa. Lokhu kwangenza ngangabe ngisasithandisisa isikole

Sengibekezelela ukuba uphele lo nyaka name kengiye kozama mhlawumbe kungahle kuthuke kuqondana.









1.1 Ubani igama nesibongo salo obhale le ndaba? (2)

1.2 Uhlala kuphi uVusumuzi? (1)

1.3 Yini ejabulisa uVusumuzi ngokwale ndaba? (2)

1.4 Obani amagama abantu ababili abahlala noVusumuzi? (2)

1.5 Unekhono lokwenzani uVusi? (1)

1.6 Khetha impendulo efanele kulezi:

Abazali bakaVusi bashone ngonyaka…

A 2016

B 2019

C 2023

D 2014 (2)

1.7 Yiziphi izifundo EZIMBILI uVusi abona ukuthi zinzima esikoleni. (2)

1.8 Obani osaziwayo ABABILI okukhulunywa ngabo lapha abangaqedanga enyuvesi? (2)

1.9 Bhala isizathu esisodwa esenza uVusi afune ukuyeka isikole? (2)

1.10 Wena ufisa ukufunda ugcine kuphi? Sekela impendulo yakho? (2)

1.11 Bhala ikhono elilodwa olibona kulezi zithombe. (2)

[20]

2. Funda uphinde ubuke lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

# Ikhono College


Ikhono college ikolishi elikusiza ukuba uthuthukise ikhono lakho lokuqeqesha ezemidlalo.

Nazi ezinye zezinto esizifundisayo:

- Ukufundisa ukuqeqesha izingane ezineminyaka emi-3 kuya kweyi-14.
- Ukufundisa ukuqeqesha izingane ezineminyaka eyi-15 kuya kweyi-19
- Ukufundisa ukuqeqesha abaneminyaka engaphezu kwama-20.

## Imidlalo esingakuqeqesha kuyo:

- Ibhola lezinyawo
- Ibhola lombhoxo
- Isibhakela
- Ikhilikithi
- Ithenisi



Siyabathatha abafundi abanesitifiketi sebanga lesi-9

Sitholakala: 46 Mqadi Road, Durban, 4001

Ucingo 031 446 2134

*[umbhalo wokuziqambela]*

2.1 Lithini igama lekholiji elikhangiswa lapha? (1)

2.2 Leli kolishi likusiza ukuba wenzeni? (2)

2.3 Bhala izinto EZIMBILI ongazifunda kuleli kolishi. (2)

2.4 Abantu abanesitifiketi saliphi ibanga abangafunda lapha? (2)

2.5 Yimuphi umdlalo wena owudlalayo/othanda ukuwudlala esikoleni? (1)

2.6 Khetha impendulo efanele:

Ithini inombolo ongabathinta kuyo abakwa Ikhono college?

A 031 44 2134

B 031 446 2314

C 031 446 2134

D 031 644 2134 (1)

[10]

**ISIQEPHU B: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

UMBUZO 3

Gcwalisa umusho ngebizo lesigaba olinikeziwe kobakaki ukuze umusho ufundeke kahle futhi unike umqondo.**Bhala umusho wonke.**

**[ilanga, abazali, izingane, amakhabethe, ubufakazi, izitsha]**

3.1. ……(10)…. zesikole iTholokuhle zicula kahle.

3.2. Bonke ….(2)… bayathanda ukubona izingane zabo ziphumelela.

3.3. Wethule ….(14) …. obushaqisayo enkantolo izolo.

3.4. Hlanza zonke ….(8)… ukuze sizophaka.

3.5. Seliyashisa…(5)… ngoba sekusehlobo. (5)

UMBUZO 4

Hlobo luni lwamabizo lana alandelayo:

4.1.uthishanhloko

4.2.ikwaya

4.3.imiklomelo (3)

UMBUZO 5

Khipha (find pronouns and write them down) izabizwana kule misho elandelayo uzibhale phansi.

5.1. Zona ziyajabula uma kuvulwa izikole.

5.2. Isikole sonke sahlala sathula cwaka.

5.3. Hamba ungithathele leyaya ndishi.

5.4. Abafana bodwa abathanda ukudlala ibhola.

5.5. Le ngane iyahlonipha kakhulu. (5)

UMBUZO 6

Gcwalisa le misho elandelayo ngezivumelwano zesichasiso ezifanele. Bhala umusho wonke. (Whole sentence).

6.1 Umalume **–dala** uyahlonipha. (isiphawulo)

6.2 Amantombazane **–ningi** afunda ukuansa. (Isiphawulo)

6.3 Abantu **–qotho** kabaphuthi emsebenzini. (Isibaluli)

6.4 Ummese **–buthuntu** kawulimazani. (Isibaluli)

6.5 Umama upheke ukudla **–mi**. (Ongumnini)

6.6 Ngiyasithanda isikole **–inu**. (Ongumnini) (6)

UMBUZO 7

Guqula lawa mabizo abhalwe nokugqamile kule misho elandelayo akhombe ubuncane. Bhala impendulo kuphela. (Answer only).

7.1 Ngizohlala **isikhathi** ekilasini.

7.2 Umama ungiphathele **amakhekhe** amabili.

7.3 UZiphiwe akayisebenzisi **ingqondo** yakhe.

7.4 Bazopheka **amazambane** namuhla.

(6)

UMBUZO 8

Amagama abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo asivezela muphi umqondo. (Letter only)

***A- ubulili besifazane***

***B- isikhuliso***

8.1 Ngibone **ngamehlokazi** ukuthi uBusisiwe.

8.2 Kungene **ibhasikazi** esikoleni kwalimala umgwaqo.

8.3 **Indodakazi** yami kayisithandi isikole.

8.4 Ubisi **lwenkomazi** lumnandi.

8.5 Ngihlangane **nomalumekazi** edolobheni.

(5)

UMBUZO 9

Guqula lemisho elandelayo ikhombe inkathi oyibuziwe.

9.1 Abafana bathenga ukudla. (inkathi esandakudlula)

9.2 Izingane zibhala umsebenzi wesikole. (Inkathi ezofika)

9.3 Bayakhuluma. (Inkathi eyofika)

9.4 Ugogo uyacula. (Inkathi eyadlula)

9.5 amadoda aqukulile. (Inkathi yamanje)

(5)

UMBUZO 10

Lungisa amagama abhalwe kule misho elandelayo abe isandiso osibuziwe.

10.1 Umalume uhleli **imoto.** (isandiso sendawo)

10.2 Yicele **ugogo** imali. (isandiso sendawo)

10.4 Isalukazi sigcwele upende **ingubo** (isandiso sendawo)

10.5 Abantwana bacula **-mnandi.**(Isandiso sesimo)

10.6 Ibhasi lihamba **-hle.** (Isandiso sesimo)

(6)

UMBUZO 11

Qondanisa izimo zokukhuluma nezincazelo ozinikiwe. Bhala inombolo nophawu kuphela.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 11.1 Ukufaka isandla | a) ukuhlupheka |
| 11.2 Ukufaka unyawo | b) Ukusiza |
| 11.3 Ukufaka isibhakela | c) Ukubaleka |
| 11.4Ukudla udaka | d) Ukushaya ngesibhakela |
| 11.5 Ukudla phansi | e) Ukukhahlela. |

[5]

UMBUZO 12

Chaza lawa magama alandelayo ukuveza ukuthi anezincazelo ezimbili ezingafani.

a. umuzi

b. ithanga

[4]

**ISAMBA: 80**